## Izinkomba Ngokufakiwe:

| Isihloko | **Umbiko weBhodi LoLimi eNyuvesi YaKwaZulu-Natal 2018/2019** |
|---|---|
| **Umbhali neSikhundla sakhe** | uSolwazi Sandile Songca (DVC: T&L; uSihlalo : iBhodi Lolimi LeNyuvesi)<br>uSolwazi Langa Khumalo(uMqondisi: ULPDO) |

## UMLANDO WOKUGUNYAZA

| Izakhiwo Ezithintiwe | Usuku | Umphumela |
|---|---|---|
| IBhodi LoLimi LeNyuvesi | 26 June 2019 | Yamukeliwe |
| Izigele | 20 November 2019 | |
| | | |

## OKUQUKETHWE UMBHALO

| **Isiphakamiso**<br><br>Ukwazisa ngoMbiko weBhodi LoLimi YaseNyuvesi (ULB) (2018/2019) njengesimiso senqubomgomo. |
|---|
| **Isisekelo**<br><br>UMbiko WeBhodi LoLimi LeNyuvesi wezi-2018/2019 ungowesisishiyagalombili walolu hlobo obhalelwa iZigele ngokuhambisana neNqubomgomo NoHlelo LoLimi LweNyuvesi okubeka ngokucacile ukuthi umbiko olimimbili kumele wethulelwe iZigele zeNyuvesi. Umbiko wokuqala, wesibili, wesithathu, wesine, wesihlanu nowesithupha wethulwa ngomhla ziyi-9 kuNhlaba 2012, 21 kuNcwaba 2013, 20 kuNcwaba 2014, 19 kuNcwaba 2015, 31 kuNcwaba 2016, 30 kuNcwaba 2017 nomhla wama-27 kuNhlangulana 2018. Lo mbiko wamanje uhlanganise eminye imisebenzi nenqubekela phambili ye-ULB ekusebenziseni uHlelo LoLimi LweNyuvesi. |
| **Ezezimali**<br><br>Kubikiwe ngaphakathi kombiko. |
| **Okuhambisana Nalokhu**<br><br>Umbiko WeBhodi LoLimi LeNyuvesi YaKwaZulu-Natal wonyaka wezi-2018/2019. |

## 1. Isingeniso

IBhodi LoLimi LeNyuvesi lisaqhubeka nokwengamela ukusetshenziswa kweNqubomgomo noHlelo LoLimi LweNyuvesi ngokususelwa kumibandela kasomqulu weNyuvesi. I-ULB iqapha futhi iphinde ihlole inqubekelephambili ekusetshenzisweni koHlelo LoLimi LweNyuvesi. Ihlinzeka iHhovisi LeNyuvesi LokuHlelwa NokuThuthukiswa KoLimi, okuyilo elinomsebenzi wokuqinisekisa ukusebenza kweNqubomgomo NoHlelo LoLimi LweNyuvesi, ngomhlahlandlela wokwenza umsebenzi walo. Enyakeni obuyekezwayo, kuthuthukiswe amatemu emikhakha Kusukela ngonyaka wezi-2014 i-ULPDO ithuthukisa amatemu amasha emikhakha kweZomumomzimba Womuntu, Izibalo, NezobuChwepheshe BokuXhumana. Kwakhiwe amatemu ayizi-2 562 esiZulu. Isilinganiso sangonyaka wezi-2018 bekuyi-1 500. Imikhakha eyishumi nambili (EzokuHlelwa Kwamabhuku Ezimali, Ezomumomzimba Womuntu, Ezemidwebozakhiwo, Ezobungxubemvelo, EzoMthetho, Isayensi YezamaKhompyutha, Ezobelelesi, Ezomnotho, Isayensi Yezemvelo, EzoMthetho, EzobuHlengikazi, IFiziksi nezeNgqondo) enamatemu kwiNgodlamatemu (Term Bank https://ukzntermbank.ukzn.ac.za. )

Ukuthuthukiswa kwamatemu esiZulu kudinga ulwazi olunzulu lwenqubomgomo nemigomo yomhlaba jikelele kwezokuthuthukiswa kwamatemu. I-ULPDO ibambe umhlangano wokucobelelana ngolwazi kweze- International Organization Standards (ISO) kwezokuthuthukiswa kwamatemu. Lapha bekuhloswe ukuthuthukisa amakhono osozilimi, nababambisene nehhovisi kanye nongoti bemikhakha ehlukene ababambe iqhaza ekuthuthukisweni kwamatemu. Ungoti ohlonishwa umhlaba wonke kulo mkhakha uSolwazi Antia Bassey wayengumethuli woqeqesho.

Ihhovisi liqale ukusebenzisa ngempumelelo okuyizimiso zoMthetho uDR 9. Emcimbini wokwethweswa kweziqu kuMbasa 2018 bekunamaqoqa eziqu zobudokotela ayi-147 athunyelwe ehhovisi ukuba ahunyshwe abe isiZulu. Kuhunyushwe amaqoqa ayi-137 kwathi ayi-10 kwatholakala ukuthi asebenzise ulimi olunzima ukulihumusha ngenxa yokuntuleka kwamatemu omkhakha othintekayo. Emcimbini wokwethweswa kweziqu kuMandulo, kuthunyelwe amaqoqa ayi- 101 kwathi amahlanu kuphela angahumusheka. Kunohlelo i-Abstract Translation Management Tool https://dmssupport.ukzn.ac.za/tandl/ULPDO/ATIS oluthuthukisiwe lwaqala nokusebenza ngempumelelo ukwamukela, luhlele futhi lulondoloze wonke amaqoqa eziqu zobudokotela. Uhlobo lwesibili lwesihlolimbhalo (spellchecker) sesiZulu naso sesiyatholakala. Uhlelo lokuqeqesha abahlinzeki ngezifundokubuyekeza ezilimimbili luqalile ukusebenza emikhakheni emibili, Ezobelelesi nezeziFundo NgeNhlalo. Iphrojekthi yokwakha ikhophasi yesiNgisi-NesiZulu isiqalile ukuze isetshenziselwe ukuqeqesha imishini okuzoholela ekuhumusheni okusebenzisa ubuchwepheshe.

Isichazamazwi sezoMthetho kanye nencwadi yezindaba ezimfishane kushicilelwe i-ULPDO ngoZibandlela 2018. Kubanjwe izithangami eziyishuminane zohlelo lwe-Bua Le Nna, nalolu hlelo oluhlose ukwakha ukuhlalisana okuhle luholwa i-ULPDO ibambisene noMnyango Wezabafundi, izithangami zibanjelwe ezindaweni ezihlala abafundi e-John Bews nase-Ansell May.

## Amalungu eBhodi YoLimi ngonyaka wezi-2019:

| | |
|---|---|
| Solwazi S Songca(uSihlalo) | IPhini LeSekelashansele: KwezokuFunda Nokufundisa |
| Solwazi L Khumalo | Umqondisi: UkuHlelwa NokuThuthukiswa KoLimi |
| Solwazi N Hlongwa | Ilungu Elimele iKolishi LezesiNtu |
| Dkt. R Laka-Mathebula | Umqondisi Omkhulu : Ezabafundi |
| Dkt. R Dhunpath | Umqondisi: KwezokuFunda Nokufundisa |
| Dkt. A Bengesai | Ilungu Elimele : iKolishi LeziFundo ZoMthetho NezokuPhatha |
| Dkt. S Mkhize | Ilungu elimele : iKolishi Lezifundo ZezeMpilo |
| Dkt. G Mazibuko | Isifundiswa Esingungoti |
| Dkt. N Sibiya | Isifundiswa Esingungoti |
| Dkt. M Mbatha | Ilungu Elimele : PANSALB |
| Mnu. L Vorster | Ilungu Elimele : iKolishi YezoLimo, YezobuNjiniyela NezeSayensi |
| Nkz J Myeza | Ilungu Elimele : Abahlinzeka Ngezinsiza |
| Mnu. K Mngadi | Umxhumanisi: ULPDO |
| Mnu. W Mdakane | Ilungu Elimele : CSRC |

I-ULB ibambe imihlangano emine ngonyaka wezi-2018. Le mihlangano ibe yingosi ebalulekile lapho kwakhiwa khona amasu nezinhlelo zokuhola ukusetshenziswa kweNqubomgomo noHlelo LoLimi ezingxenyeni zonke zenyuvesi. Lo mbiko ucacisa ngezinye izingqophamlando ezenziwe i-ULB njengengxenye yokusetshenziswa koHlelo LoLimi.


## 2. IHhovisi LeNyuvesi LokuHlelwa NokuThuthukiswa KoLimi(ULPDO)

Ihhovisi LeNyuvesi LokuHlelwa nokuThuthukiswa KoLimi liqinisekisa ukusetshenziswa kweNqubomgomo yeNyuvesi ngokuhlela izinhlelo ezinhlobonhlobo. Sekubekwe ngokuzwakalayo ukuthi ukuze izilimi zase-Afrikha zisetshenziswe kwezemfundo (ephakeme) njengezilimi zokufundisa, ukuqamba okusha, isayensi, izibalo nokucabanga okuhlelekile, kumele kube nohlelo olucacile, olugqamile futhi olunokucophelela lokwenza lezi zilimi zibe yizilimi zezifundiswa. Ukwenza ulimi lube olwezifundiswa kuwuhlelo lokwenza imisebenzi ethize yokukhulisa, yokuthuthukisa, ukucubungula nokwenza ulimi lube olwesimanje ukuze amatemu alo akwazi ukuthwala imiyalezo yezesayensi ngokunembayo futhi ngokuphelele, nokuthi imisho yalo ikwazi ukudlulisa izinqumo ezinokucabanga okuhlelekile okuholela olimini olukwaziyo ukusebenza kunoma imiphi iminxa. Okungumphumela walokhu kwenziwa kolimi ulimi lwezifundiswa, ukuzigqaja kwabalukhulumayo, ukuziqhenya nokuzethemba ngekhono lokudingida izindaba ezibucayi ezingaba ezijwayelekile kuya kweziphathelene nemfundo nokunye.

Njengengxenye yokusebenzisa ubuliminingi eNyuvesi ukuze kuthuthukiswe futhi kukhuliswe nokuhlalisana okuhle emphakathini waseNyuvesi, i-ULPDO iyaqhubeka nohlelo lwe-Bua le Nna (Let'sTalk) njengomsebenzi oqhubekayo ezindaweni ezihlala abafundi. Inhloso yalolu hlelo ukufundisa ulimi lwesiSuthu kubafundi abangasikhulumi ezindaweni ezihlala abafundi e-UKZN. Lo msebenzi, oqalwe ngonyaka wezi-2014, ubalulekile kakhulu ekwakhiweni kwendawo enokuqonda ngokwezilimi namasiko nokubekezelelana emphakathini (oziliminingi futhi omasikomaningi) wabafundi. Lo msebenzi usekwa yihhovisi lomqondisi omkhulu kwezabafundi. Wenziwa ngokusebenzisa abafundi abafundisayo nabasebenzi base-ULPDO.

UHlelo loLimi, oluvezwe esithombeni 1 ngezansi, lukhombisa izinhlelo zolimi ezibalulekile ezikhuthaza ukuthuthukiswa kwesiZulu e-UKZN. Uhlelo lokwenza isiZulu ulimi lwezifundiswa luncike emisebenzini emibili emikhulu okuwukuthuthukiswa kwamatemu nokwakhiwa kwekhophasi. Ukuthuthukiswa kokubhala ngolimi lwesiZulu nakho okunye okwengezwe i-ULB okuqale njengomncintiswano wokubhala ukuze ukhulise futhi usebenzise ukunotha kolimi lwesiZulu ekukhangiseni ngesiko lwesiZulu nombono ngomhlaba wesimanje. Isithombe esingezansi sikhombisa uhlelo lwe-ULPDO lokuthuthukiswa kolimi lwesiZulu nokwenziwa kwalo ulimi lwezifundiswa.

*Isithombe. 1. Uhlelo Lolimi*




## 3. Ukusebenza KweNqubomgomo NoHlelo LoLimi

Ukusebenza kwenqubomgomo nohlelo lolimi kuyaqhubeka nokuba umsebenzi obalulekile e-UKZN. Lokhu okulandelayo okwenziwa i-ULPDO kuneqhaza elibalulekile kakhulu ekuthuthukisweni nasekwenziweni kwesiZulu ulimi lwezifundiswa. :

- Ukuthuthukiswa Kwamatemu
- Ukwakhiwa Kwekhophasi
- Ukuhumusha, Ukutolika nokuhlela Imibhalo
- Ukuthuthukiswa Kobuchwepheshe Bezokuxhumana Kwabantu
- Ukuthuthukiswa Kwemibhalo kanye
- Nokusebenza Komthetho i-DR9 Rule

Ukuthuthukiswa kwamatemu emikhakha ngesiNgisi nesiZulu kulokhu kubalulekile ekukhuliseni nasekuhlomiseni isiZulu ukuze sikwazi ukusetshenziswa ekufundeni nokufundisa, nasekucwaningeni e-UKZN. Ukusetshenziswa kwamatemu omkhakha abalulekile ngesiNgisi nangesiZulu kulekelela ekutholakaleni kolwazi nokwazi ngesiNgisi nesiZulu. I-ULPDO iyaqhubeka nokukhulisa imikhakha enamatemu atholakala ngesiNgisi nesiZulu, okuhlanganisa nokushicilelwa kohlamatemu, izichazamazwi zikagesi nokufakwa kwamatemu kuNgodlamatemu nakwezinye izinsiza. INyuvesi ilandela imigomo yokwakha amatemu yokuwadingida, abhekisiswe, acutshungulwe futhi agunyazwe njengoba ibekwe abakwa- Pan South African Languages Board (PanSALB).

Ngonyaka wezi-2018 kwakhiwa amatemu ayizi-2 562 esiZulu emikhakheni ye-Anatomy, Mathematics, Music and Information Technology.
Ithebhula elingezansi liveza ukuhleleka kwamatemu athuthukisiwe ngokwemikhakha ngonyaka wezi-2018/2019.


| No. | Umkhakha | Amatemu EsiNgisi Athuliwe | Amatemu EsiZulu Aqinisekisiwe | Amatemu EsiZulu Agunyaziwe |
|---|---|---|---|---|
| 1. | Anatomy | 636 | 542 | 0 |
| 2. | Information Technology | 519 | 519 | 536 |
| 3. | Mathematics | 501 | 501 | 501 |
| 4. | Music Studies | 500 | 0 | 0 |
| Ithothali | | 2 156 | 2 562 | 536 |

Amatemu athuthukiswe kulolu hlelo aphetha ngokufakwa ku-**IsiZulu Term Bank** ne-**Zulu Lexicon App**. Bobubili lobu buchwepheshe bathulwa ngonyaka wezi-2016 futhi bunemikhakha eyi-10 namatemu angaphezulu kwezi-6000. I-Zulu Lexicon App isifinyelele kubantu abayi-1500 kanti i-Term bank URL isivakashelwe abantu abangaphezulu kwezi-14 300. Abavakashela leli khasi le-term bank bakhuphukile ngokwesibalo besukela kuzi- 11 000 kuZibandlela (December) 2018 kuya kuzi-12 200 phakathi kukaMasingana (January) noNdasa (March) 2019. Ngekota yesibili yangonyaka wezi-2019 isibalo sikhuphuke safinyelela kwizi-14 300.

Ngaphezu kokuthuthukiswa kwamatemu, i-ULPDO ibambe imihlangano eminingi neminye imicimbi ephathelene nezolimi okuhlanganisa umhlangano wokucobelelana ngolwazi lokuqoqa amatemu, uhlelo lwe-Bua Le Nna, umhlangano wokucobelelana ngolwazi lwemithetho yokubhalwa kwesiZulu (isiZulu orthography) kanye neyokusatshalaliswa kolimi lwesiZulu lapho bekubanjiswene nesiteshi somsakazo sase-SABC Ukhozi FM. I-ULPDO ibambe imihlangano yokuqeqesha abalekelelibafundi abasebenzisa ubulimimbili ezifundwenikubuyekeza. Ihhovisi libe nomkhankaso ojikeleze inyuvesi yonke lapho belifundisa umphakathi wasenyuvesi ngokwenziwa yihhovisi i-ULPDO, iNqubomgomo YoLimi nokunye okuhlinzekwa yihhovisi emphakathini wasenyuvesi.

Ikhophasi iyimininingo eqokelelwa ngokukhulu ukucophelela nokuhleleka eyizinhlobo zemibhalo nasemithonjeni ehlukene kulandelwa izimiso ezithile ezakha isampula eliyinkomba ngokwezibalomidanti ezikhombisa indlela okusetshenziswa ngayo lolo limi, futhi ilondolozwa futhi isetshenziswe ngamakhompyutha. Ukuthuthukiswa kwekhophasi kubaluleke kakhulu ngoba kwandulela ukuthuthukiswa kwezinsizakusebenza ezisebenza ngemininingo njenge-spellchecker, machine learning, translators nama-lexicons. Kwezokufunda, amakhophasi ayinsiza ebaluleke kakhulu ekufundweni kolimi lwesibili ikakhulukazi ekuthungatheni amaphutha. I-ULPDO isithuthukise izinhlobo ezimbili zamakhophasi, isiZulu National Corpus kanye ne-English-IsiZulu Parallel Corpus ezilimimbili. Womabili lamakhophasi abalulekile ekuthuthukisweni kwezinsiza ezidingekayo ekuthuthukisweni kolimi.

Ikhophasi i-IsiZulu National Corpus (INC) isikhule kakhulu isuka esigidini namakhulu amathathu ezinkulungwane (1.3 million) kunyaka wezi-2014 kuya ezigidini ezingamashumi amathathu naye nezinkulungwane ezingamakhulu ayisikhombisa (31.7 million) ekupheleni konyaka wezi-2018. I-INC isebenza njengensiza ebalulekile ekuthuthukisweni kwesiZulu ikakhulukazi ngokuthuthukiswa kwe-spellchecker. Ithebhula elingezansi likhombisa ngokubanzi ukukhula kwe-INC enyakeni wezi-2014 akuya kowezi-2018.




I-ULPDO kumanje igxile ekuhleleni ikhophasi yamazwi nayo ezofakwa ku-INC.

I-ULPDO iyaqhubeka nokuhlinzeka ngokuhumusha, ukutolika nokuhlela imibhalo emphakathini wonke waseNyuvesi uma kunesidingo. Le misebenzi ibalwe lapha ngezansi.

**Ukuhumusha**

- 2018 Umbiko Wonyaka Wase-UKZN
  - Umbiko KaSihlalo WoMkhandlu
  - Umbiko WeSekelashansela
  - Okucashunwe Emibikweni YamaKolishi

- Ezabasebenzi
  - Izaziso Ezisemthethweni
  - Izimemezelo
- ISikole SezokweLapha
  - Amapheshanalwazi, amapheshanazaziso
  - Imibhalo yocwaningo ( uhlamibuzo namakhasi anika ulwazi)
- Ezobudlelwano :
  - Izaziso
  - Imibhalo Yemikhankaso
  - Imibhalo Eshicilelwa Ngamasonto Onke
- Uhlamibuzo Namakhasi Anika Ulwazi Ocwaningo Lwabafundi
- Okusetshenziselwa Ukufunda :
  - Amanothi
  - Okulekelela Abafundi
  - Okokubuyekeza Izifundo
- ULPDO :
  - Izimemo Zemicimbi
  - Izinhlelo Zemicimbi
  - Imilando Ngezicukuthwane
  - Imibiko
  - Inimbhalo Ngezinqubomgomo
  - Izitifiketi Zokubamba Iqhaza
  - Amapheshanalwazi, amapheshanazaziso

**Ukutolika**

- Imicimbi Yasenyuvesi
  - Imicimbi Yokwethweswa Kweziqu
  - Izifundo Zomphakathi
  - Imicimbi Yokwethula
  - Izingqungquthela Nemihlangano

- Ezabasebenzi
  - Amacala
  - Imihlangano Yokucobelelana Ngolwazi
  - Imihlangano

Enye yezinjongo ze-UKZN ezibalulwa yinqubomgomo yolimi ithi *"ukubeka ulimi lwesiZulu ezingeni elilingana nelolimi lwesiNgisi esikhungweni nakwezokufunda"* kanye *"nokuhlinzeka ngezinsiza ezizolekelela ukusetshenziswa kolimi lwesiZulu kwezokufunda, ukufundisa, ucwaningo nezokuphatha."* (Inqubomgomo YoLimi yase-UKZN, 2014:2). KuLwezi (November) wezi-2016, Izigele zase-UKZN zagunyaza umthetho i-Doctoral Rule (DR9(b)) odinga ukuba iqoqa leziqu zobudokotela libhalwe ngesiNgisi nesiZulu. Lo mthetho weziqu zobudokotela unomthelela omkhulu ekuthuthukiseni ukusetshenziswa kwesiZulu kanye nesiNgisi kwezokufunda, ukufundisa nocwaningo. Ikomidi longoti lasungulwa i-ULB ukuze lihumushe futhi lihlele wonke amaqoqa eziqu ze-PhD athunyelwe.

Ihhovi liqale ukusebenzisa ngempumelelo imigomo yomthetho i-DR9 Rule. Emcimbini wokwethweswa kweziqu wakuMbasa (April) 2018, kutholakale amaqoqa ayi-147 ukuze ahunyushwe abe isiZulu. Kuhunyushwe ayi-137 ayi-10 atholakala ebucayi kakhulu ngoba awekho amatemu adingekayo emikhakha ethintekayo. Emcimbini wokwethweswa kweziqu wakuMandulo (September) 2018, kutholakale amaqoqa ayi-101 ukuze ahunyushwe abe isiZulu. Mahlanu kuphela amaqoqa angahunyushwanga ngenxa yokuntuleka kwamatemu emikhakha yakhona. doctoral abstracts were. Emcimbini wakuMbasa (April) 2019 ikomidi lithole amaqoqa ayi-117 ukuze ahunyushwe. Kulawa ayi-117, ayi-115 ahunyushiwe afakwa ohlelweni i-Translation Management System. Kuyacaca ukuthi inselelo enkulu ukuntuleka kwamatemu eminye imikhakha. Lokhu kudinga ukuthi isikhungo siqinise emizamweni yaso yokuthuthukiswa kwamatemu emikhakha ehlonziwe. Insizakusebenza i-Abstract Translation Management Tool https://dmssupport.ukzn.ac.za/tandl/ULPDO/ATIS yathuthukiswa yaqala nokusetshenziswa ngempumelelo ukuze kuqoqwe amaqoqa, ahlelwe futhi alondolozwe.

Umdwebo ongezansi ukhombisa ukuthi uhlelo lonke luhamba kanjani kusukela ekwamukelweni kwamaqoqa kuze kufike ekulondolozweni kwawo ohlelweni i-Translation Management System.

### 4. Amaphrojekthi Axhaswe Ngezimali

I-ULB iqhubekile nokuhlinzeka ngoxhaso lwezimali kubacwaningi nothisha abafisa ukubamba iqhaza ekuthuthukisweni kolimi lwesiZulu ngokuqala amaphrojekthi olimi. I-ULB ixhase amaphrojekthi enziwa emaKolishi womane, okuyi Kolishi LezesiNtu, EzoMthetho NokuPhatha Elezifundo ZezeMpiloNelezoLimo, EzobuNjiniyela, neSayensi (AES) ngoxhaso lwesamba esiyi-R1 468 280 kusukela ngonyaka wezi-2013 kuya kowezi-2019.

*Ithebhula 2. 2013-2019 Amaphrojekthi axhasiwe*

| Unyaka | Isibongo | Isikole/Umnyango | Isihloko Somsebenzi | Isamba Esigunyaziwe |
|---|---|---|---|---|
| 2013 | Buthelezi | LezesiNtu | Development of discipline specific terminology for professional psychologists | R90 000.00 |
| 2013 | Christiansen | LesesiNtu | Games for isiZulu Teaching | R70 000.00 |
| 2013 | Frescura | LezesiNtu | Illustrated dictionary of Southern African Architectural Terms | R50 000.00 |
| 2013 | Modi | AES | Various projects involving isiZulu tutorials. Introducing Supplemental instruction in isiZulu AES. | R730 000.00 |
| 2013 | Keet | AES | COMMUTERM | R6 880.00 |
| 2013 | Mathews | Lezifundo ZezeMpilo | Mini video productions | R25 000.00 |
| 2014 | Modi | AES | Translation of College of AES handbook into isiZulu | R80 000.00 |
| 2014 | Bengesai | LMS | Translation of College of LMS handbook into isiZulu | R80 000.00 |
| 2016 | North | LMS | Commissioned Language Research Survey | R200 000.00 |
| 2017 | Vorster | AES | Computer driver's license in English and isiZulu | R86 400.00 |
| **Ithothali** | | | | **R1 468 280.00** |

### 6. Uma sibheka phambili

Ihhovisi LeNyuvesi Lezokuhlelwa NokuThuthukiswa KoLimi lizoba neSimpoziyamu YoLimiYesithathu Yaminyakambili e-UNITE Building eKhempasini i- Howard College.

**Usuku LweSimpoziyamu**: 30-31 kuMfumfu (October) 2019

**Isihloko:** ULimi Nezinguquko KwezeMfundo Ephakeme: Kugujwa uNyaka weziLimi zesiNtu Wamazwe ngamazwe

**Izikhulumi**: Solwazi Dion Nkomo, Rhodes University, South Africa; uSolwazi Muxe Nkondo, University of South Africa.

### 10. Okushicilelwe

Khumalo, L., Azom, V., Olukanmi, P. 2019. The design and implementation of a corpus management

system for the isiZulu National Corpus. In *Humanist and the Digital Toolbox*. Martin Doerr, Øyvind Eide, Oddrun Grønvik and Bjørghild Kjelsvik (Eds.). 2019. NOVUS AS. OSLO: 179 - 197.

Khumalo, L. 2018. IsiNdebele. In *The Social and Political History of Southern Africa's Languages*. Kamusella, T and Ndhlovu, F. (Eds.). 2018. Palgrave Macmillan: 101-117.

Keet, C. M., & Khumalo, L. 2018. On the ontology of part-whole relations in Zulu language and culture. In Formal Ontology in Information Systems: Proceedings of the 10th International Conference (FOIS 2018) (Vol. 306, p. 225-235). IOS Press.